#nalibaliwrad2025

# Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale

noNal'ibali


Nal'ibali KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

Hlanganyela nezinkulungwane zababambiqhaza njengoba sifunda ngokuzwakalayo indaba yethu ekhethekile ezinganeni eziningi ngangokunokwenzeka kulolu Suku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, ngomhla ka-5 **kuNhlolanja 2025** – nansuku zonke – futhi ube yingxenye yokukhuthaza ukufunda eNingizimu Afrika! Indaba yethu ekhethekile ethi, *Ngabe kubizwa ngani lokhu?*, ibhalwe ngu**Baeletsi Tsatsi** futhi yafakwa imifanekiso ngu**Rico**. Indaba iyatholakala ngezilimi ezingu-11 zaseNingizimu Afrika.



## Lungiselela ukufunda indaba kuzwakale

- Yazi kahle indaba uze ukwazi ukuphinde uyixoxe noma uyifunde kuzwakale ngendlela yakho.
- Cabanga ngendlela ongayenza ngayo iphile indaba. Nquma ukuthi yikuphi ukunyakaza kobuso nokomzimba ofuna ukukusebenzisa.
- Khetha isikhathi osukwini ukuze uxoxe indaba lapho umndeni wakho wonke uhlangene.
- Zejwayeze ukuxoxa noma ukufunda indaba kuzwakale.



## Ngaphambi kokuba ufunde indaba kuzwakale

- Funda isihloko sendaba. Buza izingane zakho ukuthi zicabanga ukuthi indaba iphathelene nani.
- Buza imibuzo ezosiza izingane zakho ukuthi zikwazise ukwazi ukuqonda izilimi ezahlukene.

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Ngabe yiluphi ulimi/izilimi ozikhulumayo? Kungani ucabanga ukuthi kubalulekile ukuqonda izilimi ezahlukene? Ngabe akhona amagama owaziyo esiwasebenzisa ezilimini zaseNingizimu Afrika ezahlukene? Ngabe yimaphi?

## Lapho ufunda indaba kuzwakale

- Njengoba ufunda indaba, buza izingane zakho imibuzo ngayo. Ukuthi "Nicabanga ukuthi yini ezokwenzeka ngokulandelayo?" kungumbuzo okahle kakhulu wokuthuthukisa amakhono ezingane okubona izinto kusengaphambili, okungamakhono abaluleke kakhulu okufunda nokubhala.
- Xoxa ngemifanekiso. Buza ukuthi, "Ubani okulo mfanekiso?", "Ngabe usikhombisa ukuthini lo mfanekiso?" noma "Ngabe ubalulekile ngani lo mfanekiso ekuthuthukeni kwendaba?"

**Sakaza uthando lwezindaba! Dlulisela le ndaba noma wabelane ngayo nomuntu omaziyo.**

**Yenza isithembiso sokufunda kuzwakale nindawonye njengomndeni kulolu Suku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale – nansuku zonke. Bhalisa ku-www.nalibali.org noma uthumele nge-WhatsApp igama elithi "WRAD" ku-0600 44 22 54.**

# Ngabe kubizwa ngani lokhu?

Indaba nguBaeletsi Tsatsi ✱ Imifanekiso nguRico



Namhlanje wusuku lokuqala lwamaholide ezikole! Kuphinde futhi kube wusuku lwemakethe, kanti uMme wa Afrika uhambisa u-Afrika noDintle emakethe ukuze bayothenga ithoyizi noma oncamnce.

"Kunento eyodwa kuphela okumele uyenze ngaphambi kokuthi uthole ithoyizi lakho noma uncamnce," kusho uMme wa Afrika, emamatheka. "Kumele wazi igama laleyo nto ngesiSotho kanye nangesiNgisi!"

U-Afrika ufuna umshini omncane omibalabala ohamba ngomoya odonsa amanzi phansi obizwa nge-*windmill*, awubona emakethe mhla egcina ukuya khona. Umkhumbuza ngama-*windmill* abahlala bewabona emapulazini aseduze nabo.

"Buka nje ukuthi unemibala kanjani! Ukwazi ukuwubona ukude," kusho yena kuDintle, ekhomba umshini ohamba ngomoya endleleni eya etekisini.


U-Afrika uyazi ukuthi ufunani kodwa akalazi igama layo ngesiSotho. Uhlela ukubuza wonke umuntu ahlangana naye igama layo lesiSotho.

"Sawubona, Malume," kubingelela u-Afrika umshayeli wetekisi ngesikhathi ehlala esihlalweni esingaphambili.

Endleleni eya emakethe, u-Afrika ubona umshini ohamba ngomoya awuthandayo oluhlaza okwesibhakabhaka epulazini eliseduze bese ewukhomba. "Malume, ngabe ibizwa ngokuthi yini leya nto?" kubuza yena.

"Ngabe usho i-*windmill*, mfana wami?" kubuza umshayeli, ehleka.





"Ngiqonde ukuthi, ibizwa ngokuthi yini ngesiSotho?" kuhlebeza u-Afrika.

"I-*windmill* phela *yi-windmill*," kusho umshayeli, ekhuphula umsindo emsakazweni wetekisi.

Akuyona-ke le impendulo ebidingwa ngu-Afrika.

Lapho sebefika emakethe, u-Afrika ubona umngani wakhe uMaduo, kanye nomama wakhe. Ngephimbo eliphansi, ubuza uMme wa Maduo, "Ngabe lithini igama le-*windmill* ngesiSotho?"

Nal'ibali
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO

Ukuze uthole izindaba ezengeziwe, yiya ku www.nalibali.org noma uthumele nge-WhatsApp igama elithi "stories" ku 0600 44 22 54.

"*Ke-windy milly*," kusho uMme wa Maduo.

U-Afrika akacabangi ukuthi yigama langempela lesiSotho le-*windmill*, kodwa-ke uyabonga kuMme wa Maduo ngaphambi kokubuyela emndenini wakhe.

UMme wa Afrika uhambisa izingane ezitodlwaneni zezithelo. Aze acwebezela bo ama-apula abomvu. "Ngabe niyawathanda yini ama-apula?" kubuza uMama.

"Cha, ngiyabonga," kusho u-Afrika.





Endleleni yabo yokuyothenga imifino, babona okuncane, okunsundu okubazwe ngokhuni okungabantu kanye nezilwane.

"Mama, bheka uGogo," kusho uDintle ngesasasa, ekhomba umfanekiso obaziwe wesalukazi.

"Ngabe ungawuthanda umfanekiso obaziwe, Afrika?" kubuza uMama.

"Cha, ngiyabonga," kusho u-Afrika, emamatheka enikina ikhanda.

U-Afrika uhamba ayokhuluma nowesifazane ohleli eduze nemifanekiso ebaziwe. "Sawubona, Mama, ngabe ungakwazi ukwenza okunye kwalokhu?" kubuza u-Afrika, ekhomba i-*windmill* enombala omnyama nomhlophe kude nabo.

"Ngingenza nanoma yini ngokhuni, mfana wami," kuphendula yena ngokuziqhenya.

"Yebo!" U-Afrika athi ukucabanga ngalokhu bese edansa kancane. "Ngabe ungangitshela yini ukuthi ibizwa ngokuthini ngesiSotho?" kubuza yena.

"Hhayi bandla, izingane zanamhlanje! Imibuzo yazo bakithi," kwasho owesifazane ngaphandle kokuphendula umbuzo.

Ngesikhathi u-Afrika, umama wakhe kanye noDintle beqhubeka nokuhamba emakethe, babona umfana odlala ngemoto eyithoyizi eyenziwe ngamathini. Amasondo enziwe ngezivalo zamabhodlela ezisetshenziswe kabusha.

"Ngabe ungayithanda yini imoto eyithoyizi, Afrika?" kubuza uMama.

"Cha, ngiyabonga," kusho u-Afrika.

Kusenjalo, u-Afrika ube eseyibona! I-*windmill* encane ephezu kwetafula, amaphikwana ayo anemibalabala ephendulwa umoya.

"Yaze yayinhle," kusho uMme ku-Afrika, naye ekhangwe ubuhle be-*windmill*.



Nal'ibali
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

"Yilokho impela engikufunayo," kusho u-Afrika ngesikhathi egijima eqonde etafuleni.

"Empeleni, uyazi ukuthi kumele wenzeni," kusho uMama eza kuye.

U-Afrika uyabona ukuthi akakalazi namanje igama le-windmill ngesiSotho.

"*Dumela*, Mme," u-Afrika ebingelela owesifazane othengisayo. "Mahle wonke amathoyizi akho!"

Ngiyabonga! Siwenza ngezinto ezisetshenziswa kabusha," owesifazane usho lokhu enikeza u-Afrika i-*windmill* ayibhekile.

"Ngabe yini konje igama lale nto?" uMme wa Afrika ubuza lo mbuzo, ebheke u-Afrika.

"Ibizwa ngokuthi yi-*sefefo sa moea* ngesiSotho. Ngabe kukhona okunye okufunayo?" kusho owesifazane, ecabanga ukuthi uMme wa Afrika ukhuluma naye.

Buvele bumamatheke ngokwedlulele ubuso buka-Afrika. "Bengicela khona lokhu, bandla?" kusho yena.


"Kuthiwa yini lokhu?" UMme wa Afrika uyabuza, ngesikhathi ekhokhela i-*windmill*.


"Lesi yi-*sefefo sa moea*," kusho u-Afrika ngelokunqoba. Bese ephakamisela i-*windmill* phezu kwekhanda lakhe njengendebe yokunqoba, abuke amaphikwana ayo ephendulwa umoya. "Le bekuyindlela ehlakaniphe kakhulu yokufunda igama elisha, angithi, Dintle!" kusho yena ngenjabulo.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- Ngemva kokufunda indaba, xoxani ngokuthi yini eyenzekile endabeni. Buza imibuzo ukuze ukhuthaze izingane zakho ukuba zicabange futhi zikhulume ngemibono ehlangene nendaba, isibonelo, "Iyiphi ingxenye oyithanda kakhulu kule ndaba?"
- Uma unezingane ezindala, zikhuthaze ukuthi zithole ukuthi 'i-*windmill*' iyini okungenani ngezinye izilimi ezimbili.
- Dweba isithombe sethoyizi lakho noma uncamnce wakho owuthandayo.
- Yenza uhlu lwamathoyizi noma oncamnce bakho obathandayo abayi-10 ngolimi lwakho lwasekhaya. Manje-ke thola futhi ubhale amagama alawo mathoyizi kanye noncamnce okungenani ngolunye ulimi olulodwa.
- Kanye nomndeni wakho, yenzani i-*windmill* eyithoyizi nisebenzisa izinti, iwuli noma intambo, iphepha kanye neglu.



**Yabelana ngezithombe namavidiyo akho nezingane zakho nijabulela uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale nemidlalo yakhona engosini yethu yezokuxhumana #nalibaliwrad2025!**

TheNalibaliChannel | nalibaliSA | @nalibaliSA | @nalibalisa
@nalibalisa | nalibalisa | The Nal'ibali Trust | 0600 44 22 54

Nal'ibali
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

**INal'ibali (igama lesiXhosa elisho ukuthi "nayi indaba") umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda.**

